

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2019

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA
BRAILLE**

AMAMAKI: 70

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-8.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1****INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA, ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO, UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.
8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
A. UThoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA****1.1 UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

- 1.1.1 Izimpahla eziningi zisuke zibuthwa phansi futhi abantu bathola nethuba lokuthenga izinto ababekade befisa ukuba nazo kodwa bengenayo imali. √√ (2)
- 1.1.2
- Izigebengu zithola ithuba lokuntshontsha izimpahla ezitolo noma zikhuthuze abathengi. √
 - Abanye abantu bathola ukulimala ngenxa yokududulana kanti abanye baze bendele koyisemkhulu. √ (2)
- 1.1.3 Amaphoyisa omgwaqo athi chithi saka ukuze alawule ukuhamba kwezimoto √ kanti uhulumeni uthi makulawulwe imigqa ngokuthi abathengi ulayini wabo uqale kude nasezitolo uma zingakavulwa. √ (2)
- 1.1.4 Abathengi abalulungiselele lolu suku babeka imali unyaka usaqala ngabodwana noma ngamaqembu bese bethenga kakhulu bengazange bayisebenzise imali eningi, √ bese kuthi labo bathengi abangalulungiselanga lolu suku bathenga ngesikweletu bese bevunyelwa ukuba bakhokhe kancane kancane baze besiqede isikweletu. √ (2)
- 1.1.5 A/Usuthe kakhulu. √ (1)
- 1.1.6 Umbhali uhlose ukusinikeza ulwazi mayelana nemvelaphi yosuku lwe-Black Friday, √ ukusicebisa ngokumele sikwenze ukuze sititilize ngalolu suku √ kanye nokusixwayisa ngezinto ezingezinhle ngalolu suku ezifana nokugcwala kakhulu kuze kulimale abantu/ nokuntshontsha okwenziwa yizinswelaboya ngalolu suku. √ (Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (3)
- 1.1.7 Inomthelela omuhle ngoba abantu bathenga ngobuningi babo lokho kwandisa imali engenayo emnothweni wakuleli, kubanikazi bamabhizinisi kanye nokwanda kwamathuba omsebenzi. √√
- NOMA**
- Kunomthelela ongemuhle ngoba izimpahla eziningi ziyafa noma zonakale/zintshontshwe ngenxa yokuminyana kwabantu lokho kwehlise izinga lomnotho wakuleli kwenze nezitolo eziningi zilahlekelwe yinzuzo. √√ (Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa.) (2)
- 1.1.8 Lo musho uqukethe iqiniso lokuthi nakuba izitolo ziwehlisa amanani ngalolu suku kodwa kukhona izitolo ezithola ithuba lokulutha abathengi ukuba bathenge impahla endala ebingadayisanga/ephelwe yisikhathi ukuze bakwazi ukufaka impahla entsha isithengiwe lena endala balibale ukuthi abathengi banalo ilungelo lokuyibuyisela emuva leyo mpahla uma bebona ukuthi indala. √√ (Nezinye izimpendulo ezinembayo) (2)

1.1.9 Akwamukelekile ngoba kungukuphula umthetho olawula ukuziphatha kwabasebenzi okungathi uma umqashi emjezisa noma engamholeli ngaleso sikhathi asihambile kube sengathi uyamhlukumeza. ✓✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)

1.1.10 Isimo sokukhuluma sigqamisa ukuthi abantu ngalolu suku baba baningi ezitolo ngoba izimpahla zisuke zisendalini futhi abanengi babo basuke bethengela ukhisimuzi njengoba i-*Black Friday* yenzeka ngesonto lokugcina kuLwezi okuyinyanga eyandulela inyanga kakhisimuzi. ✓✓ (2)

1.2 UMBHALO B (OBUKWAYO)

1.2.1 Kunabantu abanengi abathengayo. Abanye sebethengile kubonakala ngezimpahla ezisezinqoleni/omabonakude abasezinqoleni ✓✓ (2)

1.2.2 Lolu suku lubungazwa ngezindlela ezingafani. ✓ Esithombeni soku-1 indlela eyayibuhlungu ngoba abantu babedayiswa njengezigqila ngamanani aphantsi. ✓ Esithombeni sesi-3 selubungazwa ngokuthenga izimpahla ezitolo ngamanani aphantsi. ✓ (3)

1.2.3 Umqondo oqukethwe yile mibhalo uyefana ngokuthi abanikazi bezitolo kanye nōhulumeni bazama indlela ephephile abantu abangena ngayo ezitolo. ✓ Isithombe sesi-2 sinabathengi ababambe ulayini omude abalinde ukungeniswa esitolo ukuze bathenge ✓ kanjalo esigabeni sesi-4 umqondo uveza indlela uhulumeni avikela ngayo abantu ngokuthi imigqa iqale kude nezitolo. ✓ (3)

1.2.4 Ngingasebenzisa uhlelo lwezobuchwepheshe ukuthenga izimpahla ukuze ngigweme ukulimala ngonge nesikhathi ebengingasichitha ngibambe olayini. ✓ Ukubheka izikhangisi kumabonakude kanye nakumaphephandaba ukuze ngikwazi ukuqonda ngqo kulokho engikudingayo ngalolu suku. ✓/ Ngingavuka kusesekuseni kakhulu ngifike kungakavulwa ukuze ngibe owokuqala/ngingahamba nomndeni wami wonke, abanye bathenge abanye babambe umugqa.
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBULO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO****UMBHALO C**

Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu owabeke ngamagama akho	
1	'Abazali kumele babeke imithetho emakhaya ezolandelwa, igcinwe futhi ihlonishwe yizingane zabo.'	1	Abazali kumele bashayeke izingane zabo umthetho emizini yabo.
2	'... abaqikelele ukuthi bajeze izingane ngokuziphuca ilungelo lokwenza izinto ezizithandayo uma zingayihloniphi imithetho abazibekele yona.'	2	Mabenze isiqiniseko sokuthi izingane ziyayihlonipha imithetho abazibekele yona uma zihlulwa yilokho bazincishe inkululeko yokuthi zizenzele ezikufisayo.
3	'Kumele bahlale phansi nezingane bazexwayise ngobungozi bento kusekule kungakonakali.'	3	Kumele bangalindi ukuthi izingane zingene enkingeni kuqala kepha mabazeluleke ngaphambi kokuthi ivele inkinga.
4	'... mabachazele izingane zabo ukuthi nanoma yikuphi ezikwenzayo kuba nomphumela ekugcineni.'	4	Abazali mabazixwayise izingane zabo ukuthi konke ezikutshalayo yikona ezizokuvuna ekugcineni.
5	'Bangasebenzisa ithuba lokungenzi kahle kwengane yabo njengethuba lokufunda okuthile okusha ebebengakwazi ngayo.'	5	Abazifundise ukufunda okuthile okuhle nokusha emaphutheni ezingane zabo.
6	'... mabasebenzise indlela yokuklomelisa njengesinye isikhali sokuqondisa ingane.'	6	Mabazikhuthaze izingane zabo ngokuzijabulisa ngokuhle uma zenze kahle ukuze zikhuthalele ukwenza okuhle njalo.
7	'... mabajeze ngothando hhayi ngempi ukuze isijeziso sengane singagcini sakhe ubutha phakathi kwengane nomzali wayo.'	7	Abazali mabaqondise ingane ngendlela eyakhayo nemnene engazogcina isidale inzondo phakathi kwakhe nengane yakhe.

NOMA

UMBHALO C**UKUFINGQA NGESIGABA**

Abazali kumele bashayeke izingane zabo umthetho emizini yabo. Mabenze isiqiniseko sokuthi izingane ziyayihlonipha imithetho abazibekela yona uma zihlulwa yilokho bazincishe inkululeko yokuzenzela ezikufisayo. Abazali mabangalindi ukuthi izingane zingene enkingeni kuqala kepha abaziqaphelise ngezinto ingakaveli inkinga. Kumele bazixwayise izingane zabo ukuthi konke ezikutshalayo yikona ezizokuvuna ekugcineni. Abazali mabazifundise ukufunda okuthile okuhle nokusha emaphutheni ezingane zabo. Mabazikhuthaze izingane zabo ngokuzijabulisa ngokuhle uma zenze kahle ukuze zikhuthalele ukwenza okuhle njalo. Umzali akaqondise ingane ngendlela eyakhayo nemnene engazogcina isidale inzondo phakathi kwakhe nengane yakhe.

[Inani lamagama angama-80]

Indlela yokumaka ukufingqa

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
 - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
 - Amamaki ama-3 awolimi.
 - Amamaki esewonke: 10.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
 - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
 - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
 - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
 - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
 - 1-5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.
- **Ukubalwa kwamagama:**
 - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
 - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
 - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe, kumele kufundwe amagama kuze kufike ekugcineni kwalowo musho eqe ngawo.

QAPHELA: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**INDLELA YOKUMAKA:**

- Isipelingi:
 - Impendulo eyigama elilodwa ayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
 - Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundi akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha ezakhiweni zolimi okubuzwe ngalo.
 - Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanele.
- Isib: Umnumzane – Mnu.
- Izakhiwo zemisho mazibhalwe ngokufanele kulandelwa uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelile/ngokomyalelo onikeziwe.
- Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelile kanje: C/Imizuzwana engama-60 (okuwuhlamvu oluphelele)

UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

- 3.1 Umsebenzi owenziwa abameli bakwa-MK Zakes & Co. ✓ (1)
- 3.2 Laba bameli basiza abantu abasuke bethole ukulimala ezingozini zomgwaqo nabake baba izisulu ngobudedengu bezisebenzi zasemtholampilo/zasezibhedlela ukuze bahlomule esikhwameni sezindleko zezingozi zomgwaqo. ✓✓✓ (3)
- 3.3 Inhloso yokusetshenziswa kophawu oluseduze kwegama labameli ukugqamisa ubunikazi bale nkampani yabameli ✓ kanye nokuthi ibhaliswe ngokusemthwethweni. ✓ (2)
- 3.4 'Bonana nabameli abahamba phambili' – Lolu limi lugqugquzela labo bantu abadinga usizo ekufakeni izicelo zokunxeshezela ngokulimala nangokulahlekelwa kwabo ukuthi bangabheki ezinye izinkampani zabameli kodwa beze kulaba ngoba behamba phambili bazokusheshisela futhi bakunakekele ngakho konke okudingayo. ✓✓ (2)
- 3.5 Laba bameli bayahambisana nesikhathi okuphilwa kusona. Basebenzisa izindlela zokuxhumana ezingafinyelela kuwo wonke umuntu obadingayo. i-email, umakhalekhukhwini ncingo lwasehho visi. ✓ Lokhu kusho ukuthi akudingeki ukuba uziyele mathupha emahhovisi abo ungaxhumana nabo noma ngabe ukuphi kuleli zwe. ✓ (2)
- [10]**

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

- 4.1 Kwenzeka endaweni elugwadule eKalahari. ✓ (1)
- 4.2 Isizathu sokuba lo okule khathuni omele amanzi yingoba le ndawo iwugwadule, ukhathele ngenxa yebanga aselihambele futhi nelanga lishisa kakhulu. ✓✓ (2)
- 4.3 Umdwebi uhlekisa ngalo muntu ngoba ugaqa ngamadolo okukhombisa ukuthi ukhathele futhi womile✓ kepha uqoka ukuthatha indlela ende ebheke lapho kunendali khona kunokuba athathe le emfushane lapho kunamanzi khona.✓✓ (3)
- 4.4 Le nkulumo isho ukuthi umuntu angadela konke inqobo nje uma ethole izinto ezizomenza onge imali. ✓✓ (2)
(Nezinye izimpendulo ezinembayo)
- 4.5 Umdwebi wale khathuni uphumelele ukudlulisa umyalezo wokuxwayisa abantu ngokumele bakwazi ukuhlukanisa phakathi kwezinto ezisemqoka futhi ezibalulekile kanye nalezo eziyisidingo zesikhashana. ✓✓ (2)
[10]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

- 5.1 Indlela✓- Indlela okuhanjwa ngayo uma uya ekhaya yinhle.✓ (2)
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa.)
- 5.2 Lichaza uSobizo/liyachaza .✓ (1)
- 5.3 Isakhi esiveza umqondo wento eyenzeka manje futhi eqhubekayo.✓ (1)
- 5.4 Inja nekati/ikati negundane✓- ULanga benoThakazela ababhekani bayinja nekati/bayikati negundane. ✓ (2)
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa.)
- 5.5 D/Indoda ifela ezinkomeni.✓ (1)
- 5.6 Impilo yesimanje ayisheshi.✓ (1)
- 5.7 Isinkwa sigudlisela ukudla/izidingo/usizo. (2)
Ukuhamba kukamama kusho ukuphela kokudla.✓✓
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa.) **[10]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70